ISIBUKOSEZWE

Iphephandaba lomphakathi • Litholakala nyanga zonke • Thola izindaba zansuku zonke ku-www.isibukosezwe.com MAHHALA • 31 August 2026

# Iyobanjwa ngesithele nayo ngoLwezi 4

*Awuqhubeke umzabalazo singavoti ngezisu*

**Nash Ngcobo**

IMIYALEZO esemicwini yeculo likaBob Marley esihloko sithi "Get Up Stand Up ne"Redemption Song" nekaLetta Mbulu ethi "Not Yet Uhuru" kufanele inkeneneze ezindlebeni zabavoti emva kokubhalisela ukuvotela ukhetho lohulumeni basekhaya oluzoba ngoLwezi 4 (Nov).

Akuzugcina ngaleyo, kuzolandela oweStaple Singers othi: "Are You Sure" kuvale ekaBrook Benton othi: "Why Lord" ne "Winds of Change." Le micu ikhuluma ngqo nomvoti ozimisele ngempilo engcono ezweni.

Yonke lemicu icacisa ngengcindezelo esiphuma kuyona singabantu abamnyama ebonakala isaqhubeka yize izwe selisezandleni zethu.

Le ngcindezelo ehambisana nobudedengu obusibekelwe wubuwula benjabulo yamanje ngaphandle kokubhekelela ikusasa lesizukulwane.

Konke lokhu kufanele kubuse imiqondo yabavoti, kugijime emithanjeni yabo ukuthi mabavuke bazithathe, izwe liyahamba uma bengalwi baze banqobe isitha esesigcwele indlu.

ULwezi 4 uzoba yisiqalo sale ndlela okufanele ihanjwe yintsha ezolahlekelwa yizwe layo.

Kuzodingeka ihlukane nobuthatha bokungena kuzo zonke izinto ezizoyibulala ukucabanga, ezilethwa ngamankentshane ahluleke emazweni awo.

Amalungiselelo okuvotela uhulumeni, ongayihleki into engahlekisi, ozovikela umnotho wezwe nabantu bakhe, aqinise imithetho bese elwa nenkonhlakalo, azoqala ngokuvotela iqembu elizoletha izidingo zomphakathi.

Lokhu kuvota kuzokwandulela okokhetho lukazwelonke olungo-2029, okubhekwe ngabomvu ukuthi lunqotshwa yiliphi iqembu lezombusazwe kulawa asekuconsela amathe ukuphatha iNingizimu Afrika.

Okunye okufanele sizibuze kona ukuthi umthetho sisekelo waseNingizimu Afrika ungongcono kunayo yonke emhlabeni ngaliphi.

Ubasiza kuphi abantu bakhona uma izwe lethu limapeketwane kanje futhi linuka phuhlu yonke inhlobo yenkohlakalo, kodwa izikhohlakali zingajeziswa.

Zibuze ukuthi ukubuyekezwa kwemithetho ebusa izwe, yini engavimba ukubuyekezwa kwayo ukuze kuphele ukukhinyabezeka kwezimpilo zezakhamizi eziningi, kodwa kwazuza idlanzana nabasondelene nalo.

Ukubuyekezwa kusekufundeni ukwazi amandla onawo ngokuvota kanjalo nokukhipha nokufaka emandleni uhulumeni ongasakwenzi okufunwa ngabamvotele kanjalo noqhubekayo afuye izigilamkhuba.

Lokhu akukona neze okwakufunwa yizigagayi zomzabalazo wokulwelwa kwamalungelo abantu, iningi lazo esezalala kobandayo.





INDODANA nendodakazi yaseNingizimu Afrika uLt-Gen Nhlanhla Mkhwanazi noNkk Jacinta Ngobese Zuma abaphumele obala bakhombisa isibindi sokubhekana nenkohlakalo egubuzele izwe ngezindlela ezahlukene, okufanele abavoti bacabangise okwabo uma sebevota.

## Ecaza ngobuholi bezwe

Abaholi esinabo muva nje bamoshile, yize kukhona okuhle abakwenzile kodwa kuningi okuvuna idlanzana njengoba kwakwenza uhulumeni wamabhunu owawuqhuba inqubo yobandlululo.

Kufanele singakhohlwa wukuthi umzabalazo usaqhubeka (aluta continua). Sesinalo ilungelo lokuvota, okufanele sijezise ngalo labo abasicindezelayo nabazabalaza ngezisu.

Laba baholi sebekhombise kaningi ukungalikhathaleli ikusasa lezwe ngokungayinaki intsha okulindeleke ibe ngabaholi bakusasa ecwiliswe ezidakamizweni, kodwa bathule sengathi bafile.

Sengivala, siyakwazi sonke okudingwa yizakhamizi zaseNingizimu Afrika kulesi sikhathi esibhekene naso.

Ngakho-ke ingoma yeS'timela ethi "Singajindi Majita" ngiphinde ngekaMbulu ethi "Unity", azidlalwe kakhulu zingene emiqondweni yethu bese sonke sivota ngomqondo hhayi ngezisu.

## ILembe uMtelebhelo uyithemba lentuthuko

**Nash Ngcobo**

ILEMBE Umtelebhelo Festival osanda kugubuzela iKhenana intaba engcwele eNdwedwe enyakatho yeTheku, lubukeka luzoba yisibani sentuthuko kuzo zonke izindawo ezingaphansi kukaMasipala wesiFunda iLembe.

Lo mdlalo womtelebhelo okhula ngesikhulu isivinini kubantu abamnyama, wesekelwe yizikhulu eziphezulu okubalwa kuzo iPhini likaNgqongqoshe kazwelonke wezemiSebenzi yoMphakathi neNgqalasizinda uMnuz Sihle Zikalala.

Abagqugquzeli, abaxhasi nabahleli balo mcimbi osekungunyaka wesibili ukhona bagqugquzelwe ngokufunda usuku nosuku ezintweni abazenzayo ukuze bawukhulise ngenhloso yokuletha izinguquko ezimpilweni zabantu.

Umdlalo walo luhlobo unamahhashi nezidingo zawo okubalwa kuzo ukutshalwa kohlobo oluthile lotshani, ukudla kwawo, imijovo, ukuthuthwa kwawo eya emiqhudelwaneni nokuqashwa kwabahlanzi, abanakekeli nabaqeqeshi bawo.

UNgqongqoshe uZikalala unxuse intsha ebifike ngobuningi bayo ngokungawabukeli kude amathuba okutholakala kwamakhono afika nemidlalo efana nomtelebhelo, kuningi engakuzuza futhi iphilise nomphakathi eqhamuka kuwo ngawo.

Amathuba akulo mdlalo ngawokufundela ubudokotela bezilwane, ukugibela amahhashi, ukugxila kwezolimo okusetshenziswa kakhulu emahhashini kanjalo nokuphathwa kwezimali njengoba kuzogcina sekunamaphanta kulo hlobo lomdlalo.

Press Council FAIR

AIP Association of Independent Publishers

Asincome, sigxeke lapho kudingeka khona. Abadinga ukukhalinywa uma sebephuma emgqeni, akube njalo.
Uthini owakho umbono? Sibhalele kule likheli noma uxhumane nathi kwezokuxhumana.
Sitholakala ku_35 Maurice Nichols Road Hatton Estate Pinetown 3610.
Email:johnngcobo1192@gmail.com
083 301 0869 phone and whatsapp. Facebook John Ngcobo.

# Sebehambile abokufika – Thina sizokwenzenjani?

**Nash Ngcobo**





UNDUNANKULU waKwaZulu-Natali uMnuz Thami Ntuli noNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho,ezokuVakasha nezeMvelo uMfu `Musa Zondi beshiyelana inkundla emhlanganweni wokucobelelana ngolwazi nabanikazi bamaSpaza Shop ngokuvuswa komnotho wosomabhizinisi abancane.

ENGANGENI ngesango iyafohla, engafohli iyaziletha izidingo zabathengi futhi konke ekwenzayo kusezingeni elifunwa ngabathengi nomthetho uqobo.

Ukunikela ngefa lesizukulwane saseNingizimu Afrika kubantu bokuhamba, okuphundla umnotho wezwe, kugxekwe ngazo zonke izindlela engxoxweni abahwebi abebebizwe kuyona nguNdunankulu waKwaZulu-Natali uMnuz Thami Ntuli muva nje.

UNdunankulu ubehambisana noNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo KwaZulu-Natali unxuse osomabhizinisi ngokuziveza emahhovisi omasipala bangakubo.

Lokhu uthe kuzosiza ekubahleleleni ukutholakala kwazo zonke izidingo osomabhizinisi abancane abangasimama ngazo, bangaphinde bazithole sebeqashisela abantu bokufika ngezindawo zabo zokuhweba.

Osomabhizinisi baqwashisiwe ngokuhwebisana ngezinto ezidingwa ngamanye amabhizinisi ukuze kusimame amanye, angabangi uhlobo olulodwa kodwa alekelelane.

UMphemba uthe uzovala isikhala esivuleke ngokushiya kwabokufika ngokuthi bonke osomabhizinisi baziwe ngomasipala abahweba ngaphansi kwabo. Lokhu kuzosiza ukwazi ukuthi kuzoxhaswa futhi kuqeqeshwe osomabhizinisi abangaki.

Igama ebelisemlonyeni wabahwebi elokuthi sebehambile abokufika, inselelo isasele kwabakuleli ukuthi zizovalwa kanjani izikhala ezivulekile nokufunda ukuthi bebephunyeleliswa yini.

UNdunankulu uyalele bonke abebehambele lengxoxo ngokuthi kufanele bayoziveza ehhovisi leNhloko yoMnyango wezokuThuthukiswa kwezoMnotho uDkt Nkosenye Zulu.

UDkt Zulu uzodlulisela lolu hla komasipala abazobhekela ukuqeqeshwa nokuxhaswa kosomabhizinisi ngokwezinga lezindawo zabo.

UMasipala uzolekelelana ne-wholesaler ekhona endaweni ukuze kuqine amaxhama okuhwebelana ngesinono, ukuhloniphana nokwethembana.

Kuphakanyiswe usizo oluzoqhamuka ezinkampanini nasezinhlanganweni ezifana noSmall Business Development, i-Unilever, iDurban Chamber of Business, i-Take a lot, no-Uber.

“Zonke lezi zinkampani zizolekelela kakhulu ekukhanyiseleni osomabhizinisi ekukhuliseni nasekuphathweni kwawo,” kuqhuba uMnuz Ntuli.

Akusalanga ngaphandle ukubhekisisa nokufundisa osomabhizinisi ukuthi izicelo zokuxhaswa nezokuqeqeshwa zigcwaliswa kanjani njengoba ziziningi izifunda ezinesibalo esiphansi sabaphumelele kokunye kungaphumeleli noyedwa.

UGodide uphethe ngokuthi izibalo ezitholakele zosomabhizinisi kuzofanele bazibekele isikhathi sokuthi njalo nge-quarter kube sekwaziwa ukuthi bangaki abazuzile kulo luhlelo.

Bonke abafuna usizo lwezinkampani esezibaliwe kufanele bashayele eDurban Business Chamber kule nombolo 031-3351000 bacele uDumile.

## ITheku likhomba i-KZN ngemigwaqo emibi yase-Outer West

**Nash Ngcobo**



ZINYONYOBA kanje izimoto emgwaqweni iSivivane eNtshongweni omigodigodi okungasabonakali ukuthi kwakhe kwabakhona itiyela njengoba ubona amanzi emvula esethole idamu.

NENZANI lapha ezweni? Lesi yisiqubulo soMnyango wezokuThutha nokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-Natali oholwa nguNgqongqoshe uMnuz Sboniso Armstrong Duma asibhekise kubantu abangawenzi ngeqiniso umsebenzi wabo.

Muva nje uNgqongqoshe uDuma uzishaya isifuba ngokusebenza kokuzikhandla kwamaphoyisa omgwaqo abopha kwasani oluphambana nomthetho njengoba eseqale nemiklomelo yokuwakhuthaza.

Lesi siqubulo kulindeleke siphinde sizwakale ezikhulwini ezihola lomnyango ohlangothini lwezemigwaqo eseNtshonalanga yeTheku, osekuphele cishe iminyaka engama-20 ingalungiswa njengoba imagebhugebhu.

Lokhu kufakazelwe nguMnuz Thokozani Zulu yinhloko yezomgwaqo kuMasipala weTheku othe le migwaqo okungu- P430 noP551 no-MR 385 ingaphansi koMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natali, ayikho eThekwini.

Le migwaqo yilowo osuka ekungeneleni eHammarsdale udlule eJunction Mall, eGeorgedale uze uyohlangana no-N3 eCato Ridge.

Omunye usuka eSankotshe udlule eMophela uze uyophelela e-Eston ku-603 Mbumbulu. Isivivane Road siqala emathuneni aseMalangeni size siyophela ku-BJ Mackintosh Road ekungeneleni eSummerveld eNtshongweni.

Yonke lemigwaqo esetshenziswa mihla namalanga uHulumeni wesiFundazwe sekuphele iminyaka engazihluphi ngokuyilungisa kumbe ukuyivuselela.

Nakuba kuyakhulunywa kuMR 385 osuqaliwe ukulungiswa uma ungena ngaseKeystone, kungenxa yokulungiswa kuka-N3 eCliffdale okunye bese kuba wukuwaka abantu njengoba kuza ukhetho.

Uma usuka ekupheleni kweKeystone ubheke eHammarsdale Junction Mall akukho okwenzekayo ngaphandle kokuphesha lapha nalaphaya.

Isimo sale migwaqo sikhombisa ukuhuqa ubuthongo kubaholi abaqokwa yinhlangano ebusayo ngaphandle kokubonisana nomphakathi odinga ukusizakala.

Le li yihlazo elingephikwe wumuntu lokumosha nokungakhathalelwa kwabavoti wuHulumeni oholwa yintandokazi yenhlangano eyalwela inkululeko, kodwa muva ebukeka isifana nenja engenamazinyo.

UMnuz Zulu uthe iTheku libhekele imigwaqo emincane ephakathi nelokishi kanjalo nalowo oseGeorgedale naseSankotshe oxhumana noMR 385.

Uthe usazolumana indlebe nephini lakhe ukuthi bangalekelela kuphi njengoba isifundazwe sake saphakamisa isandla sicela ukulekelelwa yiTheku kweminye yale migwaqo.

UMnuz Ndabezinhle Sibiya okhulumela uMnyango wezokuThutha nokuHlaliswa kwaBantu usenxuswe kaningi yile liphephandaba ukuthi aphawule ngalo ludaba.

OkaSotobe umane adle amazambane athi onjiniyela abangaphawula kodwa angasiniki izinombolo zabo, okucacayo ukuthi kunezikhulu azivikelayo ekuhlulweni wumsebenzi wazo.

ETHEKWINI MUNICIPALITY

ITheku talks

KEEPING YOU IN THE KNOW

NGO-2030 ITHEKU LIYOBE LINGU NGQA PHAMBILI

# Injabulo uMasipala wethula izinhlelo zentuthuko entshonalanga engaphandle



**IMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, yethule izinhlelo eziningi zokuhanjiswa kwezidingo ezizoletha olukhulu ushintsho esifundeni esisentshonalanga engaphandle ngomhla ka-23 Julayi. Lokhu kufaka ukunikezela ngendlu lapho uBabhekile Zwane, ophakathi nendawo, ehluleke ukuzibamba wagiya ngesikhathi uMeya uXaba nePhini likaSihlalo weKomidi lezokuHlaliswa kwaBantu neNgqalasizinda, uKhansela Sifiso Mkhize, bemnikeza ngokusemthethweni ukhiye wendlu yakhe entsha.** Isithombe:THULI DLAMINI

**SIMPHIWE DLAMINI noSILINDILE CELE**

UBUHOLI bukaMasipala, buholwa yiMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, bethule ngokusemthethweni izinhlelo eziningi zokuhanjiswa kwezidingo esifundeni esisentshonalanga engaphandle ngomhla ka-23 Julayi.

IMeya ibihamba namalungu esiGungu esiPhezulu namakhansela okubalwa kuwo uKhansela Thembo Ntuli, uKhansela Zama Sokhabase, uKhansela Themba Mvubu, noKhansela Sifiso Mkhize.

Lolu hlelo luphethe ngomhlangano womphakathi obuthanyelwe yizinkulungwane zezakhamizi eziqhamuka KwaNyuswa, KwaNgcolosi, eMbo, nasezindaweni ezingomakhelwane.

Ekhuluma nomphakathi, uMeya uXaba ugcizelele ukuzibophezela kukaMasipala ekunwebeni iKwaNqetho Water Reservoir ukuze ihlangabezane nesidingo samanzi esikhulayo emphakathini.

"Leli damu kumele likhuliswe ukuze lizokwazi ukuthwala umthamo ongaphezu kuka-1 megalitre ngemuva kokuba ucwaningo olwenziwe ngo-2021 luveze ukuthi izakhamizi zaKwaNgcolosi zande ngemizi ewu-2500.

Ngakho, uMasipala uthathe isinqumo sokukhulisa umthamo walesi sikhungo ube wu-6 megalitre," esho.

UMeya uXaba uphinde wamemezela ukuthi kunezinhlelo zokwakhiwa kwedamu lokugcina amanzi laKwaNyuswa, lapho inselelo yokutholakala kwamanzi ngezikhawu iqhubeka khona. Sesihlonziwe isiza sokwenza lo msebenzi.

"NjengoMasipala, siyaqhubeka nokutshala imali engqalasizindeni ngenhloso yokwenza ngcono indlela esihlinzeka ngayo amanzi ukuze kungabi khona osala ngaphandle," esho.

UMeya uXaba uveze nokuthi uMasipala usuwakhe imigwaqo eyisithupha engenela KwaNyuswa naseMaphephetheni, okufaka nokuvuselelwa kwemigwaqo eyayilinyazwe yizikhukhula zika-2022.

## *Kutshalwe ngaphezu kukaR127 million ekulungisweni kwemigwaqo*

**SIMPHIWE DLAMIN**

USUFINYELELE esigabeni esibalulekile umsebenzi kaMasipala wokuvuselela inkaba yeTheku owenziwa ngohlelo i-Inner-City Road Rehabilitation Programme.

Onyakeni wezimali ka-2025/26, uMasipala utshale imali elinganiselwa kuR127.9 million ekulungiseni imigwaqo ebalulekile ewu-13 enkabeni yeTheku nasezindaweni eziseduze. Kuthuthukiswe ingqalasizinda yomgwaqo elinganiselwa emakhilomitheni awu-65, okukhomba ukuthi uphiko iRoads and Infrastructure Management Directorate lukwazile ukwenza okungaphezu komsebenzi elibekelwe wona wonyaka wokuvuselela itiyela lomgwaqo.

Imigwaqo emikhulu esilungiswe kulolu hlelo ihlanganisa uMngeni Road, uDr Pixley ka Seme Street, uK E Masinga Road, uMasabalala Yengwa Avenue, uSandile Thusi Road, uMargaret Mncadi Avenue, uSoldiers Way, uSmiso Nkwanyana Road, iNkosi Albert Luthuli Freeway (M4), neminy



**UMasipala weTheku uyaqhubeka nokuvuselela inkaba yedolobha ngokusebenzisa uhlelo lwawo i-Inner-City Road Rehabilitation Programme.** Isithombe: SITHUNYELWE

Le misebenzi emikhulu isisithuthukise kakhulu isimo emigwaqweni ebalulekile yezokuthutha esetshenziswa nsuku zonke yizinkulungwane zabagibeli, izakhamizi, amabhizinisi nabezokuthutha zomphakathi. Ngaphezu kokufakwa kabusha kwetiyela, kuphinde kwathuthukiswa ingqalasizinda yamanzi emvula, kwaqiniswa ezokuphepha kwabahamba ngezinyawo nezomgwaqo, kwehliswa nesidingo sokuthi kuhlale kulungiswa njalo.

IPhini leNhloko yeRoads and Infrastructure Management, uThanda Zulu, lithe uMasipala usazimisele ngokuqhubeka ngomfutho ofanayo wohlelo i-Inner-City Regeneration Programme ngokuqhubeka nokutshala imali. "Utshalomali olucishe lube wuR128 million emigwaqweni yethu lukhombisa ukuzibophezela kukaMasipala ekwakheni kabusha ingqalasizinda ebalulekile, ukuthuthukisa ukuhamba kwabantu nokuthuthwa kwempahla, ukwakha isimo eseseka ukukhula komnotho, ukutshalwa kwezimali nokwakhiwa kwamathuba omsebenzi," kusho uZulu.

UZulu unezele wathi kuqhakambiseke neqhaza elibalulekile elibanjwe ngamathimba kaMasipala.

"Emigwaqweni ewu-13 elungiswe kabusha ngonyaka wezimali ka-2025/26, izinhlelo ezine zenziwe ngokuphelele ngamathimba kaMasipala."

# Imikhankaso yokuqinisa ezokuphepha emgwagweni

**JESSIE SINGH**

UMASIPALA weTheku uyaqhubeka nokubeka phambili ukuphepha emgwaqweni nokuthobela imithetho yezokuthuthwa kwempahla ngokusebenzisa imikhankaso yokuqinisekisa ukugcinwa kwemithetho eyenziwa emigwaqweni ebalulekile yezokuthutha. NgoJulayi, kube nochungechunge lwemikhankaso eyenziwe emzileni uM7/N2 naseMariannhill Toll Plaza, lapho bekubambisene khona iRoad Traffic Inspectorate (RTI), iRoad Traffic Infringement Agency (RTIA), amaPhoyisa kaMasipala, uPhiko lweziCishamlilo, ne-eThekwini Transport Authority (ETA). Le mikhankaso ehlanganisa izinhlaka ezahlukahlukene iyingxenye yokuzibophezela kukaMasipala ekukhuthazeni imigwaqo ephephile, ukuqinisa ukugcinwa kwemithetho yomgwaqo nekaMasipala, kanjalo nokweseka izinhlelo zokuthuthwa kwempahla ngendlela eyiyo eThekwini, elinechweba elimatasa kakhulu eNingizimu Afrika.

UPhiko lweziCishamlilo luhlole amaphepha ezimpahla eziyingozi ukuqinisekisa ukuthi kuhanjiswana nemithetho efanele, kwathi abeRTI bagxila emithethweni yomgwaqo futhi banikeza abashayeli ithuba lokukhokha izinhlawulo zomgwaqo ezingakakhokhwa. AbeRTIA bafundise abashayeli ngohlelo i-Administrative Adjudication of Road Traffic Offences (AARTO) futhi babasiza ngokuhlola amarekhodi okwephulwa komthetho. Le mikhankaso kaJulayi ithele izithelo ezinhle. Kube khona abayisithupha abephule imithetho eyimpoqo yezimpawu ezikuyalela ukuba ume, kwaba nezigameko eziwu-16 lapho abashayeli behlulekile ukukhipha izitifiketi ezidingekayo zezimpahla eziyingozi. Kukhokhiswe inhlawulo ewuR92 500 isiyonke, kwathi izinhlawulo eziwu-26 zakhokhwa ngaleso sikhathi, okungenise uR15 800.



**Ngokuhlanganisa ezemfundo nemikhankaso yokuqinisekisa ukugcinwa kwemithetho, uMasipala uqinisa isibopho sokuphendula emkhakheni wezokuthuthwa kwempahla.** Isithombe: SITHUNYELWE

ETHEKWINI MUNICIPALITY
IZINGA LOKUPHEPHA KWAMANZI EMABHISHI
SKENA LAPHA
UTHOLE IMIPHUMELA YAKAMUVA YEZINGA LOKUHLANZEKA KWAMANZI EMABHISHI.
VAKASHELA KU-www.durban.gov.za
NOMA BHEKA IMIPHUMELA YOKUHLOLWA KWAMANZI OQWEMBENI LWEZAZISO EMABHISHI.

# Luyaqhubeka olokuthuthukiswa kwekhilikithi yezikole

**Nash Ngcobo**

LUZOMENYEZELWA khona maduzane usuku okuzoqhutshekwa ngalo ngohlelo lokufundiswa kwezingane zezikole ikhilikithi olubizwa ngeKFC Mini Cricket Community Festival, oluqalwe ngomgubho we-International Day of Play eMpophomeni Sports Ground eHowick.

Lo luhlelo oluzokwenziwa kuzo zonke izikole zaKwaZulu-Natal lulethwa yiCricket South Africa (CSA), iKwaZulu-Natal Cricket Union (KZNCU) ne-Inland Cricket kanti seluxhaswe yiKentucky Fried Chicken (KFC) iminyaka emininingana.

Inhloso enkulu yalo luhlelo wukufinyelela kwezifundo zalo mdlalo kuzo zonke izikole ngaphansi kohlelo lweMini Cricket ngenhloso yokuvundulula amakhono acashile ikakhulukazi ezindaweni ezisemakhaya nezingathuthukisiwe.

I_CSA isihlukanise iKwaZulu-Natal kabili ngenxa yobukhulu bayo. Zonke izindawo ezingaphansi kweTheku nezigudle ugu lolwandle, zizokwenganyelwa yiKZNCU.

Kuzothi zonke ezimaphakathi, ezisenyakatho nentshonalanga yesifundazwe zibe ngaphansi kwe-Inland Cricket, amahhovisi ayo ase-Oval Cricket eMgungundlovu.

Izikole ebeziyingxenye yale festival yiZamokuhle, iQhamukile, iNogqaza, iCosmo, iThembelihle, iSbongo neNhlanhleni Primary zonke ezingaphansi kwe-Inland Cricket.

Ngenkathi lomdlalo uqhubeka, ufezekisa ilungelo lokudlala kunoma yiyiphi ingane uphinde ulethe ukuqala kwempilo entsha kubathandi nabalandeli bekhilikithi kuzo zonke izindawo oyiswa kuzona.

Isikhulu esiphakeme se-CSA Domestic Cricket uDavid Mokopanele uthe lo lusuku nezinye ezizayo iCSA ifuna ukukhombisa ukuzinikela kwayo ekuthuthukiseni ikhilikithi emphakathini.

"Ukubambisana kwethu neKFC, izikole, othisha nabaqeqeshi abazinikele, izakhiwo zomphakathi ezifuna lomdlalo kuzovula indlela entsha yokuphila nokuletha amathuba anhlobonhlobo kubo bonke abazibandanye nawo.

"Lusazoqhubeka nokukhombisa amandla ezemidlalo lolu hlelo nokukhuliswa kwekhilikithi kuzo zonke izindawo ezinabantu abafuna ukuyidlala," kusho uMokopanele.

U-Andre Nel oyiNhloko ye-Corporate Affairs yeKFC Africa uthe lo luhlelo luzonika nomphakathi ithuba lokubona ukukhuliswa kwamandla ezemidlalo.

Usonge ngokuthi usejahe ukubona uhlelo lulandelayo ukuthi luzonwetshwa kanjani ukuze lufinyelele emiphakathini oludingayo.

Abafuna ukufunda lo mdlalo kanjalo nokuxhunyaniswa neziphathimandla zawo bangashayela Isibukosezwe Online ku-0833010869.



IZINGANE ebezihlangene kwiKFC Mini Cricket Festival eMpophomeni okulindeleke kuqhamuke kuzo ompetha bakusasa bekhilikithi baseNingizimu Afrika.

# Ilokhu ikhule njalo i-Youth Run 10km

**Nash Ngcobo**

ISIFUNDA uMzinyathi esisenyakatho yeKwaZulu-Natal sikhombise ukukhula ezingeni labagijimi abasebancane abamnyama, okulindeleke badlane imilala nosaziwayo emijahweni kazwelonke nesezingeni lomhlaba kule minyaka embalwa ezayo.

Lokhu kubonakale kugqama abagijimi abahlanu bokuqala kwabesilisa abaqhamuka kulesi sifundazwe oselokhu kwathi nhlo sikhiqiza abagijimi abaseqophelweni eliphezulu.

Esinye isifunda esikhombisa ukuthwalisa kanzima ezinye ohlangothini lwamantombazane iHarry Gwala.

Amajuba yisifunda ebesijwayele ukuzithwalisa kanzima ezinye emdlalweni wejubane eminyakeni eminingi eyedlule, kodwa muva nje sibukeka sidonsa kanzima sesingasenalo udosi lwaphambilini.

Ngonyaka ozayo iYouth Run ka-10km eyandulela iComrades Marathon izogijinywa okwa-20 kanti inhloso yayo wukuvundulula abagijimi bakusasa balo mjahokazi osuhlonishwa umhlaba wonkana.

Imiphumela yeYouth Run engenelwa ikakhulukazi yizingane zezikole eziqhamuka KwaZulu-Natal futhi egijinyelwa eThekwini ihambe kanje.



BEBEKHIPHANA inkani kanje abagijimi ababengenele iYouth Run 2026 ka-10km ebizungeza iTheku osekungunyaka we-19 ugijinywa kulonyaka.

**Abafana**
Ntando Ximba 31:03 (Umzinyathi) 2. Ayanda Thabethe 31:08 (Umzinyathi); 3. Mpho Molefe 31:21 (Umzinyathi); 4. Ngcebo Mgaga 31:49 (Umzinyathi); 5. Bayanda Nene 32:08 (Umzinyathi).

**Amantombazane**
Asenathi Jali 37:26 (Ugu); 2. Inganathi Ngubo 3:16 (Harry Gwala); 3. Andile Mtungwa 9:37 (Harry Gwala); 4. Nonhlakanipho Dlamini 39:48 (Umgungundlovu); 5. Thembekile Mjwara 40:08 (Harry Gwala).